

**uChungechunge Lwezifundo zeBhayibheli  
Zakwa Church Land Programme**



# Isifundo 4: UBUHOLI NOMHLABA



**Isikhathi esilinganisiwe:**

Amahora 2 nemizuzu engama 45



**Itekisi elisemqoka:**

Genesisi 41:46-57 kanye no Genesisi 47:13-26



**Ozokudinga:** Amapeni, iphepha, amaBhayibheli, inewsprint enkulu (noma ibhodi lokubhala no shoki) ikhokhi pen, okokunamathisela (prestik noma amadrawing pins). Uzodinga namakhophi esithombe (esabazwa ngumdwebi uAzariah Mbatha) esitholakala ekugcineni kwalesifundo(kumele kube namakhophi anele wonke umuntu othamele lesifundo seBhayibheli.

## Ulwazi olubalulekile kuMsizi



Lesisifundo seBhayibheli singesinye sezifundo eziyingxenywe yochungechunge oludidiyelwe I Church Land Programme (CLP). Isifundo sabantu abafuna ukuqonda ukuthi iBhayibheli liyibuka kanjani indaba yomhlaba. Siqukethe imininingwane ngesifundo seBhayibheli, izahluko namaculo okukhonza nemithandazo, okuqondwe ngakho ukusiza abaholi bamabandla namabandla uqobo ekutheni acabange ngezimo zamalungelo abantu kwezomhlaba nendalo bebambisene noNkulunkulu. Kubaluleke kakhulu ukuba uqale ngokufunda 'isingeniso' esisekuqaleni yaloluchungechunge lwezifundo zeBhayibheli lweCLP, ukuze uqonde ngomlando walesisifundo. Lesisifundo singenziwa ngesiZulu noma ngesiNgesi. Lokhu kuncike kumsizi.



**Ongakulungiselela ngaphambili:**

- Funda isifundo sonke.
- Funda indaba yonke ka Josefa nomdeni wakhe etholakala kwizahluko 37 kuya ku 50, qiniseka ukuthi uyaqonda ukuthi indaba ikhuluma ngani. Funda ngokuqaphelisisa amatekisi abhalwe ngenhla.
- Funda isithombe somwebo (woodcut picture), uqinisekise ukuthi iphanela nephanela ngayinye yawo uyayiqonda.
- Qoqa izinto ozozidinga esifundweni (buka uhla olungenhla).
- Funda yonke imibuzo engezansi, bese uyacabanga ukuthi ungayiphendula kanjani wean.
- Bhala imibuzo kusuka 1 kuya ku 3 ephepheni elikhulu (flipchart) noma ebhodini. Bhala ngesandla esikhulu kakhulu nangokucacileyo.
- Bhala imibuzo kusuka 4 kuya ku 7 ephepheni elikhulu (flipchart) noma ebhodini. Bhala ngesandla esikhulu kakhulu nangokucacileyo.
- Bhala umthandazo wokuvala ephepheni elikhulu (flipchart) noma ebhodini. Bhala ngesandla esikhulu kakhulu nangokucacileyo.



### Isinyathelo 1.

Ungafisa ukuqala isifundo seBhayibheli (Bible Study) ngokwamukela bonke abantu, bese uvula ngomthandazo.

### Isinyathelo 2.

(Isikhathi: 5 wemizuzu)

Siza abafundi bazihlukanise ngamaqembu amancane angaba yisishagalolunye (9). Iqembu ngalinye kufanele libe nephepha nepeni. Iqembu ngalinye kudingeka libe nomdwebo we -woodcut. Nika iqembu ngalinye iqoqo elilodwa lemidwebo ka Woodcut. Chaza ukuthi wonke umuntu uzothola ithuba lokuxoxa lendaba eyaziwayo kaJosefa, bese kubhekwa ukuthi wayengumholi onjani.



### Isinyathelo 3.

(Isikhathi: 20 wemizuzu)

Amaqembu amancane kufanele abheke eqoqweni lawo lwemidwebo kaWoodcut bese axoxisane ngokwenzeka kulendaba kaJosefa. Kufanele babhala phansi ephepheni labo lokhi okwenzakayo.

### Isinyathelo 4.

(Isikhathi: 30 wemizuzu)

Ngohlelo iqembu ngalinye kufanele libikele womke umuntu ngeqoqo lwemidwebo ebebenikezwe yona. Ndawonye womke umuntu uyakwazi ukusho indaba kaJosefa nomdeni nomhlaba wakhe.

## Ulwazi olubalulekile kuMsizi



Ngesikhathi amaqembu ebika ngendaba kaJosefa, khumbula ukuthi akugcini ngokubuyisana kuka Josefa nomdeni wakhe, njengoba kunjalo kwimidwebo (woodcut) kaMbatha. Khumbula ukuthi njenge Nkulumbuso yaseGibhithe (Prime Minister), uJosefa wenza uhlelo lokubhekana nesikhathi senala kanjalo nesendlala.



### Isinyathelo 5.

(Isikhathi: 15 wemizuzu)

Funda itekisi levesi ngezwi eliphakame. Uma abafundi benawabo amaBhayibheli, bangakhetha ukulandela befunda kwawabo amaBhayibheli.

### Isinyathelo 6.

Abafundi mababyele emaqenjini manacane. Namathisela iphepha elinomibuza 1-3. Wonke amaqembu kumele akwazi ukubona imibuzo.





### Isinyathelo 7.

(Isikhathi: imizuzu engama 25)

Lamaqembu sekumele abuke izithombe ze woodcut ukuze bakwazi ukuzikhumbuza indaba ka Josefa, bese bephendula imibuzo ngokubhala phanis izimpendulo zabo:

1. UJosefa wakuthola kanjani ukudla ayekubeka enqolobaneni?
2. Ngesikhathi sendlala wayekwenzani ukudla ayekugcine enqolobaneni?
3. Yini pokumemle bayenzw abantu ukze bathole ukudla okugcinwe nguJosefa?

### Isinyathelo 8.

(Isikhathi: imizuzu engama 20)

Sekumele manje onke amaqembu atule imibiko yawo eqenjoi elikhulu. Ngenxa yokonga isikhathi amaqembu ngalinye angathula izimpendulo ezahlukene ngokwahlukahlukana kwawo.



### Isinyathelo 9.

(Isikhathi: imizuzu engama 25)

Emva kokwethula imibiko abantu sebangabuyela emaqenjini abo. Namathisela iMibuzo 4-7 engezansi. Lemibuzo kumele ibekwe ngendlela yokuthi iqembu ngalinye likwazi ukubona kahle. Amaqembu amancane sekumele axoxisane aphinde aphenule nemibuzo. Kumele babhale phansi uhla lwezinto abazozenza (plan of action).

4. Uma ucabange uJosefa wayengunholi omuhle?
5. Iyiphi enye indlela uJosefa ayengayisebenzisa ukwaba kabusha (redistribution)?
6. Iyiphi iqhaza okumele libanjwe nguhulumeni ekwabiweni kabusha komhlaba?
7. Yini enizoyenza ukuqinisekisa ukuthi lohulumeni ophethe ulusingatha ngendlela enobulungiswa nobuhlakani udaba lomhlaba? Bhala phansi uhla lwezinto enizozenza (plan of action).

### Isinyathelo 10.

(Isikhathi: imizuzu engama 30)

Siphe futhi, ekupheleni kwesikhathi sokuxoxisana, iqembu ngalinye kumele lethule umbiko wokuthi lixoxisane kanjani.



### Isinyathelo 11.

Goqa isifundo ekupheleni. Ungafisa ukwenza lokhu ngokuthi uhole abathameli besif ngalomthandazo olandelayo (ubhalwe ephepheni elikhulu), niwusho kanyekanye kanyekanye:

*Nkosi yethu, siphakamisela kuwe abaholi bezwe lethu. Sikhulekela abesilisa nabesifazane ababambe iqhaza elawulweni kweze lethu. Sikhulukela uluthi ubaphe amandla okwenza lomsebenzi ngobuhlakani nagobulungiswa. Sokhulekela ukuba uveze obala inkohlakalo kanye nokuxhashazwa kwabantu, nokuba ulethe ukuthula. Sikhulekela nokuthi kubuye izwe ukuze siphile ngokuthula sibuyelwe isithunzi sethu. Amen.*



